



UNKK NOMAGUGU SIMELANE
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

KUNXUSWA ABANTU ABASHA UKUBA BASONDELE BEZOGOMA

NGOSIZO LWAKHO, SINGAYINQOBA I-COVID-19

Uhlelo lokugomela igciwane le-Covid-19 selinamasonto angamashumi amathathu nantathu (33) lwaqala njengoba kwaqalwa mhla zingu 17 kuNhlaba (May) 2021 nalapho kwaqala ukugonywa kwabantu abaneminyaka engu-60 kuya phezulu. Njengamanje ukugoma kuvuleleke kubo bonke abantu abaseNingizimu Afrika abaneminyaka engu 12 kuya phezulu nokubalwa kubo nalabo abakuleli abangabhalisiwe.

Besinethemba lokubona abantu abasha bethleleka ngobuningi babo ukuzogoma ikakhulukazi emuva kokuqeda ukubhala izivivinyo zabo kanye nangesikhathi samaholidi kaKhisimusi. Izinombolo zisikhombisa ukuthi nokho akunjalo njengoba ngesonto eledlule besiveza ukuthi sesikwazile ukugoma abantu abasha abangu 126 887 nokuyinombolo ephasi kakhulu kunaleyo ebesihlose ukufinyelela kuyo engu 1 305 712.

Lokhu kusho ukuthi umuntu oyedwa kwabalishumi kubantu abasha abaneminyaka ephakathi kuka 12 – 17 osethole umgomo wakhe wokuqala wakwa Pfizer. Uma sesibala wonke umuntu, sesigome abantu ababalelwa ku 2, 967 wezigidi esiFundazweni, nalapho abangu 4 251 abakagomi ngokuphelele nakho futhi okusikhathazayo.

Ukungagomi kwabantu abasha kunobungozi ngoba kungenzeka batheleleke esikoleni noma emphakathini bese bebuya bathelele abantu basekhaya, okungenzeka bagule kakhulu noma bashone.

Yize kubukeka sengathi ihlandla lesine lokusabalala kwegciwane seliya ngokwehla, sikhathazekile ngezanga eliphansi lokugoma kwabantu njengoba futhi sisabhekene nokuba kuphinde kubheduke olunye uhlobo lwalo mkhuhlane nokungenzeka ube yingozi kunale esesike sayibona.

Lokhu kwenza kube mqoka kakhulu ukuba sithole ukwesekwa abazali kanye nothisha nabazosilekela ukuba sinxenxe abantu abasha ukuba basondele nganeno bagome.

Sikhathazekile ngemiyalezo engesilo iqiniso neyindida kubantu mayelana nemigomo kanye nohlelo lokugoma olusatshalaliswayo ikakhulukazi ezinkundleni zokuxhumana nokuyilapho abantu abasha bechitha khona isikhathi esiningi.

Yingakho sizokwethula amasu amasha naphucuzekile maduze ukuzama ukunxenxa iningi labantu ukuba ligome ukuze bezozuza imivuzo yomugomo balekelele izwe lethu kanye neSifundazwe ekufinyeleleni ekugomeni iningi labantu.

Sinxenxa abazali ukuba bakhombise abantwana lapho bezokwazi khona ukuthola imininingwane eqondile ngemigomo kanye nohlelo lokugoma. Imininingwane nosizo luyatholakala kulenombolo yakwa **National Vaccination yamahhala: 0800 029 999.**

Nazi ezinye zezinto ezinokuletha ukukhathazeka ezijwayelekile mayelana nemigomo kanye nezimpendulo zakhona emibuzweni ejwayele ukubuzwa:

1. Ngabe ukhona osake wadlula emhlabeni ngenxa yegciwane le-Covid-19.

Iqiniso: Akekho osatholakale edlule emhlabeni ngenxa yomgomo we-Covid-19 lapha eNingizimu Afrika.

2. Ngabe ukugoma kuzophazamazisa inzalo yami?

Iqiniso: Akulona iqiniso ukuthi imigomo ye-Covid-19 iphazamisa inzalo. Sekwenziwe ucwaningo ongoti nalapho kulandelwe khona abantu asebegomile nokutholakale ukuthi bayakwazi ukukhulelwa futhi bagcine bebelethe izingane ezisesimeni sempilo esikahle nangaphandle kwezingqinamba. Ngakho ke imigomo ye-Covid-19 ayikhombisi ukuba nomthelela yokuphazamiseka kwenzalo.

3. Ngabe ukugomela i-Covid-19 kuzoba nomthelela ongemuhle mayelana nomdlandla wami kwezocansi?

Iqiniso: Umgomo we-Covid-19 ngeke waba nomthelela ongemuhle mayelana nomdlandla wakho wocansi. Igciwane le-Covid-19 aligcini nje ngokuphazamisa emaphashini akho

kepha liphazamisa izicubu eziningi zomzimba ngokutheleleka okungahlosile noma ngokusabalala kwegciwane.

4. Ngabe bonke abantu abagomile bazodlula emhlabeni emuva kweminyaka emibili?

Iqiniso: Abukho ubufakazi obuhloliwe balokhu. Imigomo ihloliwe kwatholakala ukuthi iphephile ngakho lokhu kungenye yezindlela zokufaka itwetwe nokumele zishaywe ndiva.

5. Ngabe ukugoma kuzongaphephi uma ngingezinye izingqinamba zezempilo?

Iqiniso: Imigomo ye-Covid-19 ibasiza kakhulu labo abanokunye ukugula njengoba amathuba okugula kakhulu ephezulu nokungagcina kuholele ekungenisweni esibhedlela noma bagcina ngokufa uma kwenzeka bethleleka ngegciwane le-Covid-19.

6. Ngiyakwazi ukutheleleka ngegciwane le-Covid-19 emuva kokuthola umgomo?

Iqiniso: Akukho lula ukutheleleka nge-Covid-19 ngenxa yomgomo ngoba alikho igciwane eliphilayo elitholaka emgomeni. Yize kungenzeka ukuthi uphinde utheleleke ngegciwane noma yize usugomile, umgomo usuke usukuhlinzeke umzimba wakho ngamandla nezindlela zokulwisana negciwane nokugwema ukugula kakhulu noma ukufa.

Indlela yokugomela i-Covid-19 kusayiyo esebenzayo yokuzivikela kanye nabathandiweyo bethu ekuguleni noma ekufeni.



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**